

# Ezakamuva kwaSARS mayelana nesikhathi sentela sabantu ngamunye kanye namaqomangcebo

**Tshwane, 5 kuNcwaba 2021** – Uphiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lufisa ukukhumbuzisa abakhokhintela abavulelekile ukuba bathumele amaphepha abo entela besebenzise imigudu yedijithali ekhona ephile futhi eyenza kube lula ukuze bangadlulwa usuku olungumnqamulajuqu lomhla zingama-23 kuLwezi 2021.

Imigudu yedijithali ekhona ibandakanya i-eFiling, i-SARS MobiApp, isizindalwazi kanjalo nosizo lwe-SMS esisanda kulwethula. Ziphephile ukuba ungazisebenzisa futhi zizolekelela ekuvimbeleni ukutheleleka nge-Covid-19 njengoba abakhokhintela bezokwazi ukuzisebenzisa benethezekile emakhaya abo.

Usizo lwe-SMS lusiza abakhokhintela abanedatha encane futhi abangakwazi ukusebenzisa amakhompyutha noma ama-*smart phone* bakwazi ukuthumela i-SMS kwaSARS ngokusebenzisa inombolo ethi 47277 ukuze babheke ukuthi sikhona yini isidingo sokuthi bathumele amaphepha entela (njengoba kungebona bonke abakhokhintela okumele bathumele amaphepha entela).

Abakhokhintela bangathumela i-SMS ku 47277 bacele inombolonkomba yentela kanye nesitatimende se-akhawunti noma isitatimende semali esele. Ingabuye isetshenziselwe ukubeka usuku lokukhuluma ne-eyenti yakwaSARS noma lokuya egatsheni. Imininingwane ngendlela yokusebenzisa usizo lwe-SMS iyatholakala kusizindalwazi sakwaSARS ku [www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za)

Eminye imigudu efana ne-eFiling kanye ne-SARS MobiApp ingasetshenziswa uma ulungisa kabusha igama lomsebenzisi kanye negamamfihlo, ukuthola isimo sentela sokuthobela, ukukhokha kanye nokunye okuningi.

USARS usuthumele ama-*auto assessment* ayi-3.4 million kusukela mhla lu-1 kuNtulikazi. Kuze kube manje, cishe bayisigidi esisodwa (1 million) abakhokhintela asebemukele ama-*auto*

*assessment*, kulawo ayizi-800 000 emukelwe ngaphandle koshintsho olwenziwe kuwo. Lokhu kusho ukuthi ngokwezilinganiso zamaphesenti kwemukelwe ezingama-82%.

Konke lokhu kuxhumana nabakwaSARS kwenziwe kusetshenziswa i-eFiling kanye ne-SARS MobiApp, nokwenze ukusetshenziswa kwe-SARS MobiApp kunyuke ngo-60% kunokusetshenziswa kwayo ngonyaka owedlule.

USARS usukhokhe izimali ezibuyela abantu eziyi-R 8 billion, zabakhokhintela abayi-87% abebefanele ukuzithola. Izimali ezibuyela abakhokhintela bazikhokhelwa emahoreni angama-72, okuwubufakazi bokuthi imigudu yedijithali iyabasebenzela abakhokhintela.

Abakhokhintela abangakwazi ukusebenzisa nalunye usizo kulokhu bangabeka usuku lokuvakashela naliphi na igatsha emagatsheni akwaSARS azovulwa mhla ziyi-16 kuNcwaba. Isicelo sosuku lokuya egatsheni sizoqinisekiswa abakwaSARS kanti kuzosizwa abakhokhintela ababeke usuku kuqala, abanye abakhokhintela bazosizwa emva kwalokho.

Phezu kwalokho, uSARS uzosebenzisa ezinye izindawo zokuxhumana zangaphandle ama-*External Service Nodes* ezifana nomahambanendlwana bentela kanye nama-*pop-up kiosks* ezindaweni ezinabantu abaningi ukuze sikwazi ukulula ukusiza kwethu abakhokhintela. Imininingwane mayelana nezinsuku kanye nezindawo izofakwa kusizindalwazi sakwaSARS ku [www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za)

UKhomishana u-Edward Kieswetter uthe, “Ngifisa ukucela bonke abakhokhintela bacabangisise ukuthi sikhona ngempela na isidingo sokuya egatsheni kunokuba basebenzise imigudu yethu yedijithali elungiswe kabusha futhi elula.”

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)